

FRITZ HASSELHORN:^α

DIE ORDINATION AFRIKANISCHER PASTOREN (1854-1949)

uFRITZ HASSELHORN:^β

UKUGCOTSHWA KWABEFUNDISI BOMDABU (1854-1949)

Selbstständigkeit einer afrikanischen Kirche war nicht denkbar, solange das geistliche Amt weißen Missionaren vorbehalten blieb. *Ukuziphatha mathupha kweKerike labomdabu kwakungecabangeke nakucabangeka-nje ngezikhathi kusaqhutshwa ngokuthi iNkonzo yobufundisi igodlelwe abeNtumo abamhlophe bodwa*. Die Frage nach der Ordination eingeborener Pastoren war also die Frage nach ersten Schritten auf dem Weg zur kirchlichen Selbstständigkeit, wie lange dieser Weg auch sein sollte. *Udaba oluphathelene nokugcotshwa kwabefundisi bomdabu lwalungesinye sezinyathelo zokuqala ekushisekeleleni ukuzimela kweKerike - umshikashika wendaba!*

Die Hermannsburger Mission ging in dieser Frage sehr zögernd vor.

INhlangano yeNtumo yamaHemansbheke yayimanqikanqika iludembesela lolu daba. Lieber nahm sie in Kauf, dass begabte Lehrer zu anderen Kirchen abwanderten, als sie zu Pastoren zu ordinieren¹. *Okungenani yayikhetha ukuthi othishela abanekhono bagcine bezitholele isikhoselo kwamanye amaSonto kunokuba bagcotshelwe ubufundisi (kwelakubo eLuthela)*. Unter dem Eindruck des Auftretens der äthiopischen Bewegung fühlte sie sich in ihrer vorsichtigen Haltung bestärkt: *Yazizwa sengathi iyafakazeleka ukuthi iqhuba ngokuyikho uma ihlola isimo ibona ukwanda kweBandla laseTopiya*: „Für ein großes Glück halte ich es unter den jetzigen Umständen, dass wir noch keine Eingeborenen ordiniert haben; denn dann wäre es bei solchem Aufruhr viel leichter für sie, mit dem schwarzen Pastor auf und davon zu ziehen, und würden auf diese Weise viele verkrüppelte lutherische Sekten entstehen, der guten Sache zur Schmach und Schande“². *„Ngikubona kuyinhlanhla enkulu kabi kulesi simo esibhekene naso ukuthi besingakagcobi noyedwa womdabu; bekuyoba lula kabi kulezi ziwenguwengu ezivele ukuthi bavele bazithathele umfundisi wabo omnyama bazihambele, kudaleke ngaleyo ndlela amaningi amabandlana amaLuthela-mbumbulu, unyundeleke uthelake ngehlazo umsebenzi omuhle kangaka!“* Auch traute man den eigenen Lehrern nicht:

^α FRITZ HASSELHORN: DIE HERMANNSBURGER MISSION IN SÜDAFRIKA IM SPIEGEL DES MISSIONSBLATTES 1870 – 1910: Wissenschaftliche Arbeit von Fritz Hasselhorn im Studium der Geschichte an der Universität Göttingen (64 Seiten), ohne Jahresangabe. Abschrift zwecks Dokumentation und Übersetzung: Ben Khumalo-Seegelken, www.benkhumalo-seegelken.de, 30.04.2004.

^β uFRITZ HASSELHORN: INTUMO YASEHEMANSBHEKE KWELASENINGIZIMU AFRIKA NGOKWEPHEPHANDABA LENTUMO EMINYAKENI YOWE-1870 KUYA KOWE-1910. Umsebenzi kaFritz Hasselhorn ezifundweni zakhe zoMlando eYunivesithi yaseGwethingeni (amakhasi angama-64) esingaziswanga ukuthi walotshwa nini. Uqoshelwa ukulondolozwa nokuhunyushwa nguBen Khumalo-Seegelken, www.benkhumalo-seegelken.de, mhla zingama-30.04.2004.

¹ Hermannsburger Missionsblatt (HMBL) 1904, 119, Grotherr (Polonia)

² Hermannsburger Missionsblatt (HMBL) 1905, 67f, Superintendent Röttcher (Müden)

Nothishela abakade beqeqeshwé yibo babengabethembisisi: „Auf die eingeborenen Gehülfen ist, mit wenigen rühmlichen Ausnahmen, kein rechter Verlass, sie müssen selbst scharf überwacht werden. Aus diesem Grunde gehen wir auch nur zögernd an die Ordination von eingeborenen Gehülfen heran“³. *„Uyaganga-nje uma ungathi wethembé laba basizi bomdabu - ngaphandle kwabambadlwana-nje; kufanele baqashelisiswe. Yingakho-nje sidembesela-nje udaba lokugcotshwa kwabomdabu.“* Die schmerzlichen Enttäuschungen anderer Missionen wollte man sich ersparen. *Babethi bagwema indumalo ababethi ezinye izinhlango zeNtumo sezibenayo.*

Wenn sich die Missionsleitung dennoch zur Ordination von bewährten Lehrern entschloss, so vor allem unter dem Druck äußerer Umstände. *Nalapho okwakwethuka kwenzeka ukuthi abaHoli beNhlango yeNtumo bavume ukuthi othishela abaziwayo nabaziswayo bagcotshelwe ubufundisi, babesuke begciné bepheqwé yisimo-nje.* Die Zahl der Missionare hatte nicht mit dem Wachstum der Gemeinden Schritt halten können. *Ngokwanda nokukhula kwamabandla labonakala lingenele inani labeNtumo (lamaMishinari) ababekhona.* Dies war auch eine finanzielle Frage, da ein Missionar ein höheres Gehalt bezog als ein afrikanischer Lehrer, obwohl die Gehälter in der Hermannsburger Mission niedrig waren und die Missionare zur Bestreitung ihres Lebensunterhaltes mit auf die Bewirtschaftung des Stationslandes angewiesen blieben. *Kanti-ke futhi kwakuyindaba yesimo sezimali: laliphakeme iholo lemishinari kunelikathishela womdabu, noma amaholo aseNhlango yaseHemansbheke ayephansi kangangoba namamishinari kwakudingeké azitholele okokuziphilisa ngokusetshenzwa kweplazi leNhlango yeNtumo (leMishini).* Die räumliche Ausdehnung der Gemeinden durch Anlagen von Filialen und Predigtplätzen verschärfte den Mangel: *Ukwanda nokuqhelelana kwamabandla ngenxa yokuphenywa kwamagatsha amasha kwebuqhubeka ubunzima:* „Wir werden deshalb der Gründung eines eingeborenen Pastorats näher treten müssen, obgleich dies nur mit Zittern und Zagen geschieht. Aber der Anfang muss gemacht werden, die Not zwingt uns dazu“⁴. *„Nakanjani sekuzodingeka sihlangabezane nesidingo seNkonzo yobufundisi kwabomdabo noma sinovalo nokunqikaza okungaka-nje.“* So wurden im Jahre 1909 ein Lehrer in der Zulumission und zwei in der Betschuanenmission zu Vikaren ordiniert. *Kwagcotshwa-ke ngonyaka we-1909 uthishela kwaZulu nababili kwelabeTswana babekwa esikhundleni sobuLingwa (sobuThwasa).* Joseph Gwamanda wurde die Station Ekuhlengeni übertragen, deren Klima für Europäer abträglich war, Jakob Lebele und Jakobus Mkhata wurden zur Entlastung der alternden Missionare in Kana und Emmaus angestellt⁵. *UJoseph Gwamanda wabekwa egatsheni lasekuHlengeni lapho abeLungu babexoshwa khona yisimo sezulu; oJakob Lebele noJakobus Mkhata kwathiwa abayokwelekelela amamishinari ayesexinwé ukuguga eKana naseEmawusi.*

An dieser Stelle sei ein Ausblick auf die weitere Entwicklung gestattet. *Aké sithathe ikhefu, sibheke ukuqhubeka kwalolu daba:* Die Zahl der afrikanischen Pastoren wurde nach dem Ersten Weltkrieg geringfügig erhöht, als die Inflation die Aussendung von weiteren Missionaren erschwerte. *Isibalo sabefundisi bomdabu sathi ukwenyuswa kancane emva kwempi yomhlaba yokuqala (1914-1918), isimo sezimali sasikwenzé kwabanzima ukuthumela amamishinari.* 1949 arbeiteten insgesamt elf afrikanische Geistliche in der Hermannsburger Mission. *Ngo-1949 kwakunabefundisi bomdabu abayishumi nanye (nje kuphela) phansi kweNhlango*

³ Hermannsburger Missionsblatt (HMBL) 1908, 14, Haccius

⁴ Hermannsburger Missionsblatt (HMBL) 1907, 206, Dir. E. Harms

⁵ Hermannsburger Missionsblatt (HMBL) 1909, 214, Haccius

yeNtumo yaseHemansbheke. Alle befanden sich noch in der Stellung eines ordinierten Vikars oder Hilfspredigers, d.h. unter der Aufsicht eines benachbarten Missionars. *Bonke babesesikhundleni sobuThwasa noma sobuVangeli, yilowo nalowo enemishinari emelusayo*. In den ersten hundert Jahren der Hermannsburger Missionsarbeit kam es also nicht zur Bildung eines selbstständigen afrikanischen Pfarrerstandes, der mit den Missionaren gleichberechtigt war⁶ *Eminyakeni eyikhulu yokuqala yeNtumo yaseHemansbheke kwakulokhu kungakaqalwa ukuphamba iNkonzo yobufundisi kwabomdabu eyayingalingana (okungenani) neyobumishinari*.

Research Unit on Liberatory Processes in Pre- and Post-Colonial Southern Africa (RULPSA):

Dr. Ben Khumalo-Seegelken

eKhaya

Cloppenburger Strasse 9 A

D-26135 OLDENBURG

eJalimane/Deutschland

Tel/Fax: 00 49 – 44 1 – 770 32 330

www.benkhumalo-seegelken.de

30.04.2004

>> [Fritz Hasselhorn: Die Hermannsburger Mission ... 1870-1910](#)

⁶ Winfried Wickert (Hg./ed.): Und die Vögel des Himmels wohnen unter seinen Zweigen. Hundert Jahre Bauernmission in Südafrika, Hermannsburg 1949.